**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ T.W. MCHUNU EMCIMBINI WOKWETHULA IMIGWAQO OLUNDI NGOLWESIBILI MHLAKA 05 OCTOBER 2010**

**Mphathi wohlelo;**
**Imeya yoMkhandlu;**
**Amakhosi wonke akhona;**
**Izinduna;**
**Amakhansela;**
**Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, uVukuzakhe noZibambele;**
**Abezindaba;**
**Umphakathi wonke ngiyanibingelela.**

Masibonge ukuthi namhlanje sithole ithuba lokuhlangana nomphakathi wasoLundi emcimbini walolu hlobo. Ukuza kwethu lapha namhlanje kuyingxenye yochungechunge lwemicimbi esiyenzayo kule nyanga ka-October njengoba sazi ukuthi minyaka yonke le nyanga inikezelwa ezokuthutha.

Kodwa futhi ngifuna ukucacisa emphakathini wasoLundi ukuthi ngaphandle kokuthi sisenyangeni yezokuthutha, vele njengoMnyango wezokuThutha nanjengoHulumeni waKwaZulu-Natal oholwa nguDkt Zweli Mkhize sinezinhlelo eziningi zokuya kubantu ukuze siphuthumise izidingo. Angiyiphathi-ke eyezindawo zasemakhaya njengaseZululand ngoba vele noMongameli wezwe uMsholozi usidonse ngendlebe wathi masiphume siye kubantu basemakhaya siyoguqula izimpilo zabo.

Into esithanda ukuxolisa ngayo nje kubantu bakithi ngukuthi sithe singena ngonyaka odlule kwadingeka sigxile kakhulu emalungiselelweni eNdebe yoMhlaba. Bekubaluleke kakhulu ukuthi imidlalo lena ilungiselelwe ngokwezinga elifanele.

Siyababonga-ke abantu bakithi ngeqhaza abalibambile ekutheni imidlalo ibe impumelelo. Ukusibekezelela kwenu nje kukodwa kusho ukuthi nibambe iqhaza elikhulu kule midlalo.

Okunye futhi okusikhinyabeze kakhulu ngukuthi lo Hulumeni uqale ukusebenza ngesikhathi kunenzikamnotho emhlabeni wonke, kanti besivele isifundazwe sisenkingeni yokuthi izimali zisebenze ngokweqile ngenkathi kufuqwa umkhankaso wokuguqula izimpilo zabantu zibe ngcono. Kodwa-ke manje sithi konke lokho sekwedlule.

Kodwa-ke kuyasijabulisa ukuthi nakuba sike sabhekana nesimo esengisishilo, bekungasho ukuthi sekume nse yonke imisebenzi yentuthuko ebivele isihleliwe kwafakwa nezimali zokuba yenziwe. Nani lapha Olundi ningofakazi bokuthi intuthuko benilokhu niyibona ngamehlo kulesi sikhathi sokuguqa komnotho emhlabeni. Kulo nyaka wezimali esikuwona nje ingu-R115 million imali esiyifake emisebenzini yokwakha nokugcina imigwaqo isesimweni eZululand.

Kodwa namhlanje sithe masizobongela umphakathi waseNkonjeni eMahlabathini ngemigwaqo asebeyitholile, eminye isiphelile kanti eminye umsebenzi uyaqhubeka sikhuluma nje. Lapha sikhuluma ngeMahombeni Road, Mfanomkhulu Road, Mission Road, Nkomo Road noMbeka Road. Isiyonke le migwaqo izodla isamba sika-R 8,2 million.

Okunye futhi esithi masiwubongele kukona umphakathi wasoLundi yile ngqalasizinda esiyibona yakhiwa lapha edolobheni ezohlinzeka zonke izithuthi zomphakathi. Phela KwaZulu-Natal naseNingizimu Afrika yonke, sisabhekene nesimo lapho ukuhlelwa kwamadolobha kwaphambilini bekungazihlinzeki ngokwenele izithuthi zomphakathi. Lona kusengumsebenzi omasipala bethu okumele bawubheke ekuhleleni ukusebenza kwezithuthi zomphakathi, ekuthuthukisweni kwengqalasizinda nasekusetshenzisweni komhlaba.

UMnyango uyasuka ohlelweni lokwakha amarenki ngokwehlukana awamabhasi nawamatekisi. Manje sifuna ukuqinisekisa ukuthi zonke izithuthi zididiyelwa esikhungweni esisodwa. Lokhu kuzosiza ukugqugquzela ukusetshenziswa kwezithuthi zomphakathi esifundazweni, kuzosiza kakhulu futhi nabagibeli. Sibona ingqalasizinda yezithuthi ezididiyelwe njengensika yokuphuculwa kwezokuthuthwa komphakathi.

Le Public Transport Intermodal Facility yasoLundi esiyiqale ngoMay kulo nyaka kumele ibe isiphelile ngokuphela kuka-April wonyaka ozayo. UMnyango ufake imali engu-R26,8 million kulo msebenzi kwase kuthi ingxenye engu-R6,9 million yaqhamuka kumasipala wasoLundi.

Esiyaye sikujabulele futhi ngale misebenzi yentuthuko kuba ngamathuba emisebenzi atholwa ngabantu basendaweni. Bheka nje kulesi sakhiwo sezithuthi zomphakathi kuqashwe abantu abangu-57 kuhlanganisa abangu-39 bendawo nabangu-18 abasebenzela inkontileka eyakhayo. Kukhona intsha engu-20, amadoda angu-34 nabesifazane abathathu.

Siyazi futhi ukuthi basuke bebaningi abantu abadinga la mathuba kodwa ngenxa yokuthi kusuke kunesibalo esikaliwe, asikwazi ukuthatha wonke umuntu ngesikhathi esisodwa. Kodwa siyabonga ukuthi imiphakathi yakithi iyakuqonda ukuthi ziseningi kakhulu izinselelelo esibhekene nazo.

Mangiphethe nje ngokuthi ngiwunxuse umphakathi wakithi ukuthi ubambisane noHulumeni ngezinhlelo zentuthuko ezilethwa kuwona. Siyazi ukuthi yinina eningabavoti enisinike amandla okusebenzisa izimali zenu njengabakhokhi bentela sivale igebe lokungalingani silwe nobuphofu ngendlela evulelekile ebonwa izwe lonke.

Uma izimali zingafinyeleli emiphakathini emazingeni aphansi zenze umehluko ezimpilweni zabantu abampofu kuyobe njengohulumeni sehlulekile emsebenzini esithunywe wona ngabantu baseNingizimu Afrika.

**Ngiyabonga**